**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI, KWAMPUKUNYONI, NGOLWESIBILI MHLAKA 25 SEPTEMBER 2012.**

Mphathi wohlelo;
INkosi yaKwaMpukunyoni;
AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
IMeya yoMkhandlu waKwaHlabisa;
AmaKhansela;
IziNduna zamaKhosi;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona lapha;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuThutha;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge-ke ukuthi sesiphinde sathola ithuba lokuthi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, singumNyango wezokuThutha, sizokhuluma lapha ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakithi ukuba ibe nempilo engcono.

Siyajabula futhi ukuthi imiphakathi yakithi njengalapha eMtuba naseMkhanyakude jikelele, isiyakuqonda ukubaluleka kokuthi njengoHulumeni kumele size kubantu sikhulume nabo ngama-project alethwa kubona, ukuze bazizwe beyingxenye yezinhlelo zokulethwa kwentuthuko ezindaweni zabo.

Lokhu kuhambisana nokuthi njengoHulumeni sinesibopho sokunazisa kanti nani ninelungelo lokwazi ngemisebenzi yentuthuko eqhubekayo endaweni yenu. Nenqubo yentando yeningi iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy.*

Akumele abantu mhlambe baze bangene emgwaqeni bathi bayamasha kanti benziwa ukungazi ngezinhlelo abalethelwa zona.

Ngo-December wonyaka odlule besikhona futhi lapha eMtubatuba silethe umgwaqo waseSiyembeni. Nangalelo langa sakubeka ukuthi njengomNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal sesazibekela umgomo wokuthi uma nje sesifikile endaweni silethe i-project yomgwaqo noma ibhriji, sisuke singeke sisaphuma kuze kube siyaqeda ngayo yonke ingqalasizinda leyo ndawo esasilele emuva kuyona.

Sesikufakazele-ke lokho njengoba sesihlabe isoyi okuwuphawu lokuthi umsebenzi wokwakhiwa kwebhriji lezimoto nabahamba ngezinyawo emfuleni iNyalazi usuyaqala. Sithi masibongele kakhulu umphakathi walapha ngokuhlomula okutholayo ezinhlelweni zikaHulumeni wentando yeningi.

Siyazi ukuthi kule ndawo yangapha kunemigwaqo eminingi enqamula emifuleni. Uma kunezikhukhula kuyaye kudingeke uvalwe umgwaqo mhlambe kuze kuphele izinsuku ezimbili. Cabanga-ke ukuthi impilo isuke imile nje kubantu bendawo ngaleso sikhathi.

Leli bhuloho lizoba sezingeni lokuthi limelane nazo zonke izimo zezulu. Ukwakhiwa kwalo kuzosiza umphakathi walapha ukuba ufinyelele kalula eMadwaleni nasemtholampilo iMpukunyoni Clinic. Kuzosizakala nabafundi basezikoleni iBhelebane, iBongubuhle, iMadwaleni, iShikishela Nkosana neKwaMnandi.

Imali esesiyifake kulo msebenzi ingu-R17 million, kanti kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi azovela kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka ukwakha.

Futhi siyakugcizelela ukuthi uma sekuqashwa labo bantu lokho kumele kwenzeke ngaphandle kokubheka ukuthi umuntu ungowaliphi iqembu lepolitiki. Sihlale siziluleka futhi nezinkampani ezisuke zengamele umsebenzi wokwakha ukuthi uma zike zaphambana nalo mgomo ibhantshi liyogcwala umoya futhi siyikhiphe nasohleni lwezinkampani esiziqashayo njengoHulumeni.

Mangikuveze-ke futhi ukuthi lo msebenzi esiwulethe lapha namhlanje uyingxenye yeminye eminingi esiqhubeka nokuyiletha kule District yaseMkhanyakude, u-DC27.

Sikhuluma nje, ibalelwa ku-R400 million imali esiyifake kwingqalasizinda yomgwaqo eMkhanyakude wonke kule minyaka yezimali emibili u-2012/2013 no-2013/2014. Kule misebenzi sibheke ukuthi kudaleke namathuba emisebenzi ebalelwa ku-5000. Siyajabula futhi ukuthi uhlelo lukaZibambele lusaqhubeka kahle njengoba umNyango usuqashe osonkontileka bakaZibambele abangu-4900 kule District yaseMkhanyakude.

Phakathi kweminye imisebenzi emikhulu ezokwenziwa lapha ngukufakwa kwetiyela kulo mzila oxhumanisa uHlabisa neHluhluwe. Imigwaqo ethintekayo kulo mzila ngu-P451, u-P470 no-P475, okwenza ube ngu-54 km ubude lo mzila.

Lo mgwaqo sizowenza ngeminyaka yezimali emithathu kanti imali esizoyifaka khona okwamanje ilinganiselwa ku-350 million. Sibheke ukuthi kudaleke namathuba emisebenzi angaphezulu kuka-1000 bese kuba nosonkontileka abasafufusa abangaphezulu kuka-60 abazoqashwa.

Kukhona nale migwaqo engenela ezindaweni zomphakathi, esithi ama-community access roads, esiyakhe ngonyaka wezimali odlule lapha kumasipala waKwaHlabisa okubalwa kuyona uMabundeni, uGilonki noKonfenisi.

Kulona unyaka ka-2012/2013 siphinde safaka u-R18.7 million wokwakha le migwaqo engama-access road KwaHlabisa naseMtubatuba. Kuleyo-ke singabala uGula Road, uMevana, noMabhanoyini KwaHlabisa, bese kuba uMaphanga, Emcakwini noNhlonhlweni eMtubatuba.

Olunye udaba okumele sikhulume ngalo yilolu lokuthi njengoba sakha imigwaqo nje sisuke sihlose ukwenza izimpilo zabantu zibe ngcono. Kodwa kuyasikhathaza ukuthi abantu bajika bayenze isigodi sokufa le migwaqo.

NgolweSine nje sizobe sethula izinhlelo zenyanga ka-October njengoba sazi ukuthi yinyanga yezokuthutha. Lokho kuzohambisana nokuqala kwezinhlelo zokuphepha emgwaqeni ngesikhathi samaholide kaKhisimusi.

Sifuna ukuqinisa kakhulu umkhankaso esawuqala ngonyaka odlule ka-Operation Val'ingozi. Ngakho-ke uma sihambele umcimbi onjengalona namhlanje, asikwazi ukungawunxusi umphakathi ukuba usilekelele njengoHulumeni kodwa futhi uzisize wona ngokuthi ube ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni.

Masiqhubeke nokusabalalisa umyalezo ka-Operation Val'ingozi wokuthi: **'Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu'.**

Kulabo abashayela bedakiwe angiyiphathi-ke indaba yabo ngoba noNgqongqoshe wamaPhoyisa uMnuz Nathi Mthethwa usanda kukhipha izibalo zobugebengu lapho kuvele ukwenyuka kakhulu kwesibalo samacala abashayela bephuzile. Sifuna ukubatshela bonke labo abenza lowo mkhuba ukuthi indawo abasenayo lapha KwaZulu-Natal.

Nakhona kwezobugebengu siyazi ukuthi izindawo zasemakhaya zibhekene nenselelo yobugebengu okuhlanganisa ukwebiwa kwemfuyo, ukudlwengulwa kwezingane nezalukazi kanye nodlame lwasemindenini. Thina-ke sithi umphakathi yiwona okumele usukume ubambisane namaphoyisa ukuze kunqotshwe izigebengu.

Sengigcina, ngithanda ukusho ukuthi phezu kwakho konke lokhu esikushoyo, ekugcineni kukumuntu nomuntu ukuthi uyakhuluma yini nonembeza wakhe ukuze angangeni futhi angafaki nabanye enkingeni.

Masibonge bese sithi sengathi ningaphepha size sibonane nangokuzayo. Uma sekufika amaholide, masingenzi sengathi akuseyophinda kube nomunye uKhisimusi esikhathini esizayo.

**Ngiyabonga**